Ibhange Lobisi Lwebele

Yini ibhange lobisi lwebele?

Ibhange lobisi lwebele indawo eqoqa, ihlole bese inikezela ngobisi. Lolubisi lwebele lutholwa, abantwana abasheshe ababelethwe kungakafiki isikhathi, nabagulayo kanye nomama ababhekene nezimo ezithize ezenza ukuthi bangakwazi ukunikeza ubisi lwebele olwanele kubantwana babo. Lolubisi lusuke lunikelwe amavolontiya omama abancelisa ubisi lwebele noma bengahlobene nalabo abamukela lolubisi.

Omama abafisa ukunikela ngobisi lwebele baqale balandele uhlelo lokuba bahlolwe. Loluhlelo luba nemibuzo kanye nokubheka isimo sempilo salowo ozonikela ngobisi lwebele. Lonke ubisi olunikeliwe luyahlolwa, lubiliswe lukhishwe wonke amagciwane bese ligcinwa liyiqhwa. Ngemuva kwalokho lusuke selilungele ukuba lisetshenziswe uma seludingeka.

health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Ubani onganikela ngobisi lwebele?

Bonke abesifazane abaphile kahle abancelisa ubisi lwebele banganikela. Nakhu okunye okubhekwayo:

- Umama ongabhemi
- Umama ongasebenzisi izidakamizwa nophuzo oludakayo.
- Abaphile ngokwanele nabazinakekelayo.
- Abangenankinga ukuhlolelwa izifo, kubalwa nokuhlolela igciwane lesandulela ngculazi, isifoesithathelanayo socansi isyphyllis, TB kanye hepatitis B.

Ubani okumele athole ubisi lwebele olunikeliwe?

Ubisi lwebele olufudenyeziwe kwabulawa onke amagciwane lunikezwa abantwana abangenabo abazobanakekela. Lapho kubalwa nababelethwe kungakafiki isikhathi, abanesisindo esincane kakhulu kanye nezintandane.

Libaluleke ngani ibhange lobisi lwebele?

Ubisi lwebele lugayeka kalula esiswini somntwana omncane. Lunika izakhamzimba ezivikela umntwana ezifweni kanye nakumagciwane. Ubisi lwebele lunikeza yonke imisoco edingwa imizimba yabantwana ukuze bakhule kahle ezinyangeni eziyisithupha zokuqala empilweni.

Amabhange obisi lwebele ayindlela ephephile ukunikeza ubisi lwebele olunempilo kubantwana abaludinga kakhulu. Inhlangano yomhlaba yezempilo (WHO) icele wonke amazwe ukuthi athuthukise ngokuphephile ukusetshenziswa kobisi olunikelwe amabhange obisi lwebele kubantwana abaludingayo.



Indlela yokusebenza kwebhange lobisi lwebele

- Ubisi luyafudunyezwa ngokwesilinganiso esifanele ukubulala wonke amagciwane kodwalugcine izakhamzimba ezifanele zitholakale.
- Okulandela ukufudunyezwa kobisi ukulipholisa ngendlela evikelekile ngaphambi kokuba luphiwe umtwana.
- Kunendlela esetshenziswayo ukubilisa ubisi ukuze lungabi namagciwane.
- Amasampula obisi olunikeliwe aba nophawu olunezinamba zabantu abanikelile, kube nemininingwane yosuku okunikelwe ngalo kanye nosuku olubiliswe ngalo ubisi.
- Ubisi oselubiliswe lwakhishwa amagiciwane lungagcinwa endaweni enezing eliphansi lokubanda okuyishumi nesishiyagalombile (-18˚C), izinyanga eziyisithupha. Kubantwana ababelethwengaphambikwesikhathiolwabo lungagcinwaizinyangaezintathu. Ubisioluncibilikisiwe oluzosetshenziswa lona lungagcinwa amahora angamashumi amabili nane esiqandisini.